

USARS uphume phambili empini yenkantolo lapho ububhekene khona nomkhokhintela oyihlongandlebe

Tshwane, 31 kuNtulikazi 2023 – Ukhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luwamukele umyalelo okhishwe mhla zingama-26 kuNtulikazi 2023 ukhishwa yi-KwaZulu Natal Local Division, Durban lapho ilungu eliyilo lodwa elinqaba nempahla le-Tiar Construction CC (esohlelweni lokuhlakazwa kwenkampani) (“i-Tiar Construction”) layalelwa ukuba libambisane nalaba abahlakaza inkampani ekusingathweni kwempahla ye-Tiar Construction.

Isicelo sasifakwe yilabo ababambisene ekuhlakazweni kwenkampani i-Tiar Construction njengethemba lokugcina lokuthola ukusebenzisana nelungu eliyilo loda uMnu. L Marimuthu wenkampani ecwila ezikweletini. Lokhu kwakwenzelwa ukuphoqa uMnu. Marimuthu ukuthi abambisane nalabo ababambisene ekuhlakazweni kwenkampani ekwenziweni nasekuthobeleni izibophezelo ngokomthetho ekuphothulweni kwempahla. Udaba obeluphambi kwenkantolo belubandakanya ukuhluleka kukaMnu. Marimuthu ukudalula izimpahla ezikhona ze-Tiar Construction, ukuhlinzeka ababambisene ekuhlakazweni kwenkampani ngamadokhumenti nezimpahla okuphathelene nenkampani, kanye nokudlulisela wonke amadokhumenti nezimpahla zenkampani.

Ngesikhathi somhlangano wokuqondiswa kwezigwegwe wangomhla zingama-26 kuNtulikazi 2023, ummeleli wezomthetho kaMnu. Marimuthu ufake isicelo sokuthi lihlehliwe icala. Lesi sicelo sokuhlehliswa kwecala sachithwa yinkantolo ngenxa yokuthi inkantolo ayenelisekanga ukuthi isicelo lesi sasenziwe ngenhloso eyiyo nokuthi abamangaleli abakwazi ukuvunyelwa ukuba bagweme izinqubo zenkantolo.

Isicelo sokuqala, kodwa-ke, salalelwa kwakhishwa umyalelo lapho inkantolo iyalele ilungu eliyilo lodwa ukuba lilethe isitatimende ngesimo senkampani i-Tiar Construction liphinde lilethe wonke amadokhumenti nezimpahla ezikulo ezimayelana nenkampani i-Tiar Construction kanye/noma liqinisekise ukuthi lezi ezingekho kulo zikuphi.

USARS uyavuma ukuthi kulesi sikhathi esinzima kwezomnotho siyenyuka isibalo sabakhokhintela ababhekana nezinkinga zokucwila ezikweletini kwamabhizinisi. Kulokhu-ke, abahlakazi benkampani badlala indima esemqoka enqubweni yokuphothulwa kwemisebenzi yezinkampani nasekutholakaleni kwayo yonke impahla, kanjalo nasekuvikeeni amalungelo ababolekisi empahleni – kubandakanya noSARS.

Ukhomishana wakwaSARS uKieswetter uthe “uSARS uzolwisana nayo yonke imizamo eyenziwa yinoma yimuphi umkhokhintela ozama ukubamba iqhaza eswini lokugwema ukuthobela izibophezelo zabo ezinqubweni zokuhlakazwa kwenkampani kanye nokuthikameza izinqubo zenkantolo. Lokhu kulimaza ababolekisi empahleni yenkampani ecwile ezikweletini. Esikhathini esiningi kuba yisikhwama semali eqoqwayo esiba yisisulu esikhulu. USARS uzoqhubeka ngokwenza ngokungangabazi kubakhokhintela abangathobeli kanti ucela bonke abaphazamisa ngenhloso yokuthiya inqubo yokuhlakazwa nokudliwa kwenkampani ukuba bakuyeke lokho”.

Okokugcina, uKhomishana ugcizelela ukuthi “uSARS angeke uhlale ugoqe izandla lapho abakhokhintela abanonya abahlukumeza izinqubo zenkantolo basebenzise

namaqhinga okulibazisa ngenhloso yokuvimba uSARS lokhu okumele ukuthola nalokhu okumele kukhokhwe esikhwameni semali eqoqwayo. Nginxenxa bonke laba basebenza ngamabhizinisi acwila ezikweletini ukuba baqhubeke benze umsebenzi wabo ngaphandle kokwesaba nangokuzimisela. Le mizamo isemqoka kubabolekisi ukuze bakwazi ukuthola lokhu abakweletwa yona.”

USARS uyohlala njalo usebenza ngendlela eyeseka ukukhula komnotho, ukusungula amathuba omsebenzi, ube ulwa nenhlupheko nokungalingani. Lapho, ngenxa yanoma isiphi isizathu ibhizinisi lingasakwazi ukusebenza kahle, futhi lingasayenzi imali, bonke ababambiqhaza enqubweni kumele baziphathe ngobungcweti futhi bangasabi, bangenzeleli noma bangahlukumezi labo abakweletwayo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za